## Ungapheli amandla

Ukungathembeki nenkohlakalo akukusha. IThestamente Elidala linezindawo eziningi lapho uNkulunkulu eveza khona ukuthi akathokozi ngokungathembeki nenkohlakalo. Umbhali weZaga ubakhuza kakhulu labo abanezinhliziyo ezinobuqili nolimi oluqamba amanga.

"Makungabikho esikhwameni sakho izisindo ezahlukeneyo, esikhulu nesincane. Makungabikho endlini yakho izilinganiso ezahlukeneyo, esikhulu nesincane. Woba nesisindo esipheleleyo nesilungileyo, futhi ube nesilinganiso esipheleleyo nesilungileyo ukuba izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona. Ngokuba bonke abenza kanjalo, bonke abenza ukungalungi, bayisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho."

UDuteronomi 25:13-16

Isilinganiso esikhohlisayo siyisinengiso
kuJehova,
kepha isisindo esiyiso siyintokozo yakhe.

Kepha ukuphambanisa
kwababambuluzayo kuyabachitha.

Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka.

IzAga 11:1,3b,4a

## Ukuthembeka kunesibusiso sikaNkulunkulu

UNkulunkuulu ukhombisa ukubahlonipha labo abathembekileyo. Eqinisweni, uNkulunkulu uyalela abantwana bakhe

*Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.

ukuthi bathembeke ukuze bathole isibusiso Sakhe. Encwadini yeZaga, ukwethembeka emsebenzini kuxhunyaniswa nempilo ephelele nenomvuzo.

> Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka,
> kepha ukulunga kophula ekufeni.
>
> IzAga 11:4

## Uma ubulungiswa bungenziwe

Uma abenza ubugebengu bebukeka bephumelela futhi bengajeziswa ngokushesha, abantu baphelelwa ukuwuhlonipha umthetho.

Ngenxa yokuba ububi obenziwayo bungahlulelwa masinyane, ngalokho izinhliziyo zamadodana abantu phakathi kwawo zigcwele ukwenza okubi, ngangokuba isoni, noma senza okubi kayikhulu, kuyandiswa nokho izinsuku zaso. Kanti nokho ngiyazi ukuthi kuzakuba kuhle kwabamesabayo uNkulunkulu, lokhu besaba phambi kobuso bakhe; kodwa akuyikuba kuhle kwababi, nemihla yabo ayiyikwandiswa njengesithunzi, lokhu abesabi phambi kukaNkulunkulu.
Kukhona okuyize okwenziwa emhlabeni kokuthi kukhona abalungileyo abehlelwa ngokomsebenzi wababi, nokuthi kukhona ababi abehlelwa ngokomsebenzi wabalungileyo; ngathi: “Nalokho kuyize.”

UmShumayeli 8:11-14

## Kodwa abakholwayo bayathemba:

> Impela ubabeka ezindaweni ezibushelezi;
> ubawisa babe yincithakalo.
>
> AmaHubo 73:18

## UNkulunkulu makabe ngumahluleli wakho

Thina njengabazalwane asibizelwanga ukuthi silingise lelizwe, kodwa ukuba sikhombise izwe indlela engcono yokuphila.

Ningalingisi leli zwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibe ntsha ingqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo.

KwabaseRoma 12:2

Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, noma kukhona okuhle, noma kukhona okubongekayo, zindlani ngalokho; enakufunda, nakwamukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni lokho; khona uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

KwabaseFilipi 4:8-9

Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
**www.biblesociety.co.za**

BibleSA.co.za
BibleSA
Bibles and audio Bibles are available on the **BibleSA app.**